# *UKristu Engqongqotha Emnyango*

Ngiyabonga.

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, uma nithanda, ukwenzela umkhuleko.

2 Nkosi Nkulunkulu, siyaKubonga ngenxa yokuthi Usinike inhlanhla yokubona lomnyakazo omkhulu kaNkulunkulu phakathi kwabantu. Futhi sikhulekela ukuthi Uzoqhubeka ube nalababantu, futhi kwangathi lemvuselelo ingephele neze, kwangathi ingasuka ebandleni iye ebandleni, futhi isuke kumuntu iye kumuntu, uJesu Kristu aze enziwe iNkosi noMbusi walo lonke iqembu.

3 Phulukisa konke ukugula kulobubusuku, Nkosi, kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu obuthakathaka osele kulesisakhiwo kulobubusuku. Kwangathi uMoya waKho ungaba phezu kwalowo nalowo ngendlela enjalo, ukuthi bangabona iNkosi uJesu nazo zonke izithembiso zaYo zenziwe zaba yiqiniso, futhi zenziwa zacaca futhi zaba sobala kithi ngalolusuku lokugcina.

4 Nkosi, njengoba thina, sihamba phezu kwemigwaqo kulobubusuku, siya emakhaya ethu ehlukene, Wena sisize, Nkosi. Busisa uMfowethu Sullivan oyiqhawe nabo bonke laba abanye abefundisi obambisene, kwangathi amabandla abo angavutha kusukela kulesisikhathi kusukela manje. Kwangathi imiphefumulo eminingi ingazalwa eMbusweni. Bonke laba abaphakamise izandla zabo, futhi bama ngezinyawo zabo futhi bemukela uKristu, kwangathi bangathola amakhaya amahle ngempela ndawo ndawo emabandleni amahle, futhi lapho bahlale beyizinceku zaKho ezithandekayo uze Ubabize.

5 Sithethelele amaphutha ethu. Futhi uma sikwenzile, noma sasho, noma sacabanga noma yini ebiphambene naWe, sithethelele, Nkosi. Manje sizoKucela ukuba usihlephulele isinkwa futhi kulobubusuku. Kwangathi singaba nenhlanganyelo yobuNkulunkulu ngaseZwini. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

6 Ningahlala phansi. Ngisho noMfowethu Vayle: "Lona kube ngomunye wemihlangano emikhulu kunayo yonke engake ngaba nayo eMelika yeNkosi uNkulunkulu." Bekungekukhulu kunakho konke ngesibalo, kusobala, kodwa bekungokukhulu kunakho konke enhlanganyelweni, ukubambisana. Wonke umuntu ubonakala enhliziyonye futhi esekuvumelaneni kunye; yileyondlela uMoya oNgcwele onganyakaza ngayo.

7 Ngifisa sengathi nje ngabe sibe cishe nenyanga yalokhu, ukuze nje sikwazi ukuhlala kuze kuphele. Futhi uma uNkulunkulu ethanda, futhi kuba yisifiso senu, ngethemba ukubuyela edolobheni lenu elithandekayo ngesinye isikhathi, ukuba nani bantu abakahle lapha e-Ohio. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Lokho kungenza ngizizwe ngikahle ngempela futhi ngemukelekile.

8 Ngiyethemba lapho sengibuya ukuthi angikhandlekile ngakho konke, njengoba kade nginjalo ngalesisikhathi ngephimbo elibi. Ngithola cishe amaviki amathathu manje okuphumula, ngaphambi kokungena enyangeni ephelele, nezinsuku ezimbili, ngikholwa ukuthi yikho, noma izinsuku ezintathu enyangeni yazo zonke izifundazwe zaseNew England. Futhi manje, iNkosi ithanda, emva kwalenkonzo sihamba siqhubekela ngaseJeffersonville, ikhaya lethu, futhi leyo kuzoba yinkonzo yami yokugcina.

9 Khona-ke ngikholwa ukuthi ngeSonto elizayo yiPhasika; yilapho ngizoba neminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, niyazi. Ngakho...[Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Futhi mina, ngethemba ukuthi i—iNkosi izosibusisa. Nakini bafo betabernakele nxazonke, Mfowethu Neville, iNkosi ithanda, sizoba nenkonzo yePhasika yokuphuma kwelanga ngeSonto ekuseni etabernakele kinina eniseduze. Futhi khona-ke kuzoba nomlayezo ekuvukeni, bese-ke kuba yinkonzo yokuphulukisa. Futhi sibheke ukuba kube lusuku lwangempela lwezibusiso ezivela eNkosini etabernakele ngeSonto ekuseni. Futhi sithemba ukuthi nina lapha e-Ohio nezindawo ezehlukene nizoba nesikhathi esikhulu futhi ngeSonto ekuseni, futhi njalo ekuseni kusukela manje, size sihlangane neNkosi yethu ezibhakabhakeni.

10 Ku—kumfowethu o...Sullivan nakubo bonke abefundisi ababambisanayo, ngifuna ukunibonga ngayo yonke inhliziyo yami, ngiyanibonga ngami uqobo nangedili lami lonke. Kube yinhlanhla ukukhonzisa nani bazalwane nokuba nalenhlanganyelo enhle.

11 Nakini nonke befundisi enivela kwezinye izingxenye zezwe, nakini malunga ebandla, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ukuthi ningesekele kanjani ngokukholwa kwenu nangemali yenu. UBilly ubengitshela emgwaqeni ngale, ukuthi zonke izinto zizokhokhelwa, asikweleti lutho; iNkosi isibusisile. Kanti, futhi, uMfowethu Vayle ubefuna ukunibonga ngomnikelo omuhle wothando ngaye uqobo; futhi ngifuna ukunibonga ngomnikelo wami wothando, ngiwuthakasela kakhulu impela. Futhi ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzonibuyisela ngokuphindwe ngekhulu, ngumkhuleko wami oqotho.

12 Futhi manje, sifuna ukusho ukuthi sithokozela abantu

abasivumele sibe nalelihholo elikhulu. Angazi noma yimuphi wabameleli babo ulapha noma qha, ovela esikoleni. Futhi nginibonga ngempela banumzane abahloniphekile ngayo yonke inhliziyo yami, futhi ngithemba ukuthi wonke umfundi ovela kulesisikole uzothola uKristu njengoMsindisi oqondene naye, bekuyoba omkhulu wami, umkhuleko oqotho.

13 Futhi manje, sikhulekeleni, uma uNkulunkulu ethanda, masinya emva kwalemihlangano khona-ke ngiya phesheya kwezilwandle, e-Afrika, nezindawo eziningi ezehlukene ezizweni zakwamanye amazwe. Futhi ngikhulekeleni, ningeke na? Futhi lapho izinyanga bathakathi ziphonsela inselelo, lapho imimoya ivunguza ishisa, ukuhlushwa kunamandla, ngingacabanga nje ngeConnersville nowenu umkhule-. . .Ngiqonde ukuthi, hhayi iConner-. . .IMiddletown, ningikhulekele, nizokwenza na? Kulungile, ngiyabonga, ngizobe nginikhulekela, nami. Angisoze nganikhohlwa. UNkulunkulu anibusise.

14 Ngikholwa ukuthi uMfowethu Vayle ushilo njengoba ngingena. . .Ngitshele uBilly ukuthi banikeza usizo oluncane kuye kulobubusuku ukuba ahambe nami phesheya kwezilwandle, UBilly ufuna ngikuzwakalise, ukubonga kwakhe ngamunye wenu. Siyanibonga ngomusa. Ngayo yonke inhliziyo yethu sizozama ngalokho okukithi ukwenza into efanele. Nibeke ithemba lenu kithi, futhi sizokwenza okwedlula konke esingakwenza ukuba siphile njengoba amadoda angamaKristu ebefanele aphile phambi kwezwe, sisebenzisa imali yaKhe, senza leyonto elungile, njengoba uNkulunkulu esinika umusa ukuba sikwenze.

15 Manje ngifuna ukufunda omunye umBhalo. Futhi emBhalweni wokuvala, ngibe nezinye izindaba ebengifisa ukushumayela ngazo kuleliviki, angizange ngifinyelele kuzo, enye yazo ikakhulukazi bekungukuthi: *Wozani Nibone UMuntu*, indaba encane engiyithandayo, *Uyakholwa Yilokhu na?*, *Khuluma EDwaleni*, *Isandla Esiloba Odongeni*, nethi *IBandla Lihamba Ngaphambi KokuHlupheka*, *Lapho Ukhozi Luhlakaza Isidleke Salo*. Bengingenawo nje umphimbo owenele ukukwenza, ngakho ngidingeke ngithathe amancane, amabala asemancane. Futhi nibe nomusa kakhulu ukungibekezelela, isikhathi eside, nazi kuqala, ukuthi nizofanele nibekezelele nje ukungilalela, bese kuthi-ke ngephimbo elishile, likwenza kube kubi kakhulu kunanininini. Ngiyabonga ngomusa omkhulu ngokwethemba kwenu.

16 Futhi manje asi. . .Noma ngasiphi isikhathi lapho ngibona amaduku, nezinto, ebekwe ngakhona. . .Sikhulekela amaduku, yinkonzo enkulu. Futhi manje, uma ungalingenisanga elakho, futhi ufuna ngiwakhulekele, kulungile, ungawathumela nje kithi, e, noma, athumele nje e, nje, eJeffersonville, e-Indiana, Post Office Box 325. Akukho zinkokhiso zalutho. Uma

ungafuni ukubhala ibhokisi leposi, nje, “William Branham, Jeffersonville,” lizofika kimi.

17 Futhi sizonithumelela indwangu encane esiyikhulekele, futhi niyigcine eBhayibhelini lenu eZenzweni 19. Ingane iyagula, wena uthi, “Nkulunkulu, lokhu kumele umkhuleko wokukholwa okhulekiwe esikhundleni sami, bese-ke ubhala ubufakazi bakho. Sinokuphulukisa okumangalisayo nje kanjalo; futhi singajabula ukukwenza.

18 Manje, angizami ukuthola ikheli lakho, manje, bangane, ngoba kul’khuni kimi ukuthola umuntu othize ukuba ngisho aphendule. Kodwa anginazo izinhlelo zokuxhasa, kumbe noma yini, lokho akusikho, sikuthumela nje kuwe ngesihle ngokuphelele. Noma yini esingayenza ukukusiza, sazise nje, sizojabula ukukwenza.

19 Manje, ngaphambi kokusondela eZwini, awu, asibe nelinye nje izwi lomkhuleko.

20 Nkosi Nkulunkulu, Leli yiZwi laKho esisondela kulo. Akukho-muntu, akunandaba ukuthi uzilungiselele kahle kangakanani, akwenele ngokuphelele ukuphatha iZwi likaNkulunkulu, ngokuba aLihunyushwa ngasese, njengoba sifunda emiBhalweni, kodwa Lembulwe nguMoya oNgcwele. Futhi sizocela ukuthi uMoya oNgcwele uzoza kulobubusuku futhi ahumushe iZwi esizakulifunda, acwilise iMbewu ijule ezinhliziyweni zabantu. Futhi ukuze sikhulume into efanele futhi sizwe into efanele, ukuthi uNkulunkulu uyokhazimuliswa. Ngokuba siyakucela, eGameni leNdodana yaKhe, iNkosi uJesu. Amen.

21 Ngifisa ukufunda eSambulweni kulobubusuku, isahluko 3 nevesi 20. Futhi lokhu kuqondiswe onyakeni webandla esiphila kuwo manje, uNyaka weBandla laseLawodikeya. Futhi uma abaningi benu aba. . . lapho seniya ekhaya, ngifisa sengathi beningasifunda sonke lesosahluko. Kodwa ngifisa ukufunda indikimba ivesi 20:

> *Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha:* futhi *uma umuntu ezozwa iphimbo lami, futhi ezovula umnyango, Ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.*

22 Lena yindikimba engejwayelekile, kusinika isithombe soMunye engqongqotha emnyango. Angicabangi nje manje ukuthi yayingubani ingcweti eyachitha impilo yonke idweba lesosithombe sikaKristu engqongqotha emnyango. Kodwa emva kokuba isithombe sesidwetshiwe. . . Niyazi, noma yisiphi isithombe esidumile sizofanele sidlule ehholo labagxeki ngaphambi kokuba singene ehholo lodumo.

23 Lingaleyondlela iBandla. IBandla, kuqala, lizofanele ledlule ehholo labagxeki ngaphambi kokuba lingeniswe oHlwithweni futhi lifakwa ehholo lodumo lukaNkulunkulu. “Bonke abaphila

ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa." Ngakho, niyabo, ufanele ugxekwe, kufanele kuhlekiswe ngawe, ayikho enye indlela yokukuzungeza.

24 Ngakho lengcweti enkulu, ngenkathi idwebe lesi sithombe, futhi sasidlula kubagxeki, omunye umgxeki, wathi, "Mnumzane, isithombe sakho siyisithombe esimangalisayo, kodwa yinye into oyikhohliwe ekudwebeni isithombe sakho."

Futhi ingcweti yathi, "Mnumzane, ngikhohlwe yini na?"

Wathi, "Udwebe uKristu, isithombe saKhe, isithombe sobuso saKhe sibukeka sikahle kakhulu, nesakhiwo sibukeka njengekhaya lomunye umuntu, kodwa akukho sibambo emnyango, ngakho Ungqongqotha emnyango ongenasibambo."

Nengcweti yathi, "O, qhabo, mnumzane, uyabona kuloludaba isibambo singaphakathi."

25 Futhi lelo yiqiniso, isibambo singaphakathi kwenhliziyo yakho. Akunandaba ukuthi ubona kangakanani, noma ukuthi usho kangakanani ukuthi uyakholwa, ukuthi ukholwa kangakanani, ufanele uvule inhliziyo yakho ukuba uMemukele. Akekho ongakuvulela khona, umpristi wakho angeke, umelusi wakho angeke, umama wakho noma uyihlo angeke, odadewenu noma umfowenu angeke, ufanele ukwenze lokho, uwedwa.

26 Futhi kulendikimba kulobubusuku, kukhuluma oNyakeni weBandla laseLawodikeya, okungunyaka webandla wokugcina. Futhi niqaphelile ngokwemiBhalo . . .? Lokhu kungahle kungavumelani nesayense yezenkolo yabantu abaningi, futhi lokho kulungile, ngingaba nephutha, izikhathi eziningi nginephutha, akungabazeki, kodwa lokho nje engikukholwayo, ukuthi unyaka webandla wokugcina, manje siphila kuwo.

27 Uma nizobhekisisa ukuthi iminyaka yebandla ifika kanjani—kanjani, omunye wawungokhanya kakhulu, omunye uqhelile kancane, uthi ukuba mnyama kakhudlwana, bese kuba yiminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu yezikhathi zobumnyama, bese kuba uLuther, bese kuba uWesley, bese kuba yiPhentekoste.

28 Futhi Wayemi phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, okwakumele iminyaka yebandla eyisikhombisa, elule izandla zaKhe, nobukeka njengo-Alfa no-Omega, owokuqala nowokugcina. Uthi lwesibani oluphakeme kunakho konke kwakuyilo elimnyama kunakho konke, kusobala. Bese kuthike lonyaka webandla wokugcina ufanele wemukele ukuKhanya okufanayo ababenakho kowokuqala, u-alfa kuya ku-omega. Kodwa ingxenye edabukisayo, emiBhalweni siyafundiswa lapha ukuthi Wathi, "Ngoba uthi, ngicebile futhi nginempahla eningi." Niyasibona isimo sebandla namhlanje na?

29 Nakhu kuhlezi omdadlana, owesilisa nowesifazane owome nkwe, behlezi lapha esihlalweni esingaphambili,

abangabangane bami, uMfowethu noDadewethu Kidson, noma, Kidd, ngikholwa ukuthi yikho, owayeshumayela iVangeli ngingakazalwa. Futhi uma ngingababizela kulomsamo kulobubusuku, futhi ngibavumele banitshele ngezinye zezehlakalo zabo, ezansi ngomugqa lapho abalamba khona, bakhahlelwa bakhishwa emadolobheni, futhi baxoshwa ezindaweni ngenxa yeVangeli, bebeyokutshela kulobubusuku ibandla nakho konke okomhlobiso walo omuhle nemibhoshongo ephakeme, kubanda ngokuphindwe kayinkulungwane kunoma kwakunjalo ngalolosuku. Ubufanele umeme lona wesilisa nowesifazane omncane ebandleni lakho ngesinye isikhathi, mabakuxoxele indaba yezinsuku zasekuqaleni, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule.

30 Kodwa sicabanga ukuthi singcono manje kunoma sake saba njalo, sesibabi kakhulu manje kunoma sake saba njalo. Wathi, "Ngoba uthi, 'Ngicebile futhi nginempahla eningi, futhi kangiswele lutho.'" Kuyini na? Sinabashumayeli ababedlula bonke, izifundiswa ezinkulu eziphucukile, izakhiwo ezedlula zonke, izihlalo zikanokusho ezedlula zonke, amanye ama-ogani awedlula onke, nabaculi, amaphimbo aqeqeshiwe.

31 Ngezwa osicula ngabane abahle becula lapho ngenyuka. Ngiyakuthanda ukucula kwakudala, ngicabanga ukuthi akukho lutho oluhle ukwedlula ukucula okuhle ngempela. Futhi ngiyakuzonda ukuzwa iphimbo eliqeqeshwe ngokweqile, ngiyakuzonda ukuzwa umuntu othize ezama ukucula obamba iphimbo labo baze babe luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni, bese kuthi-ke nje kukhiphe uhlobo oluthile lokuklwiklwiza. Awuculeli inkazimulo kaNkulunkulu, uzama ukubona ukuthi ungabamba isikhathi esingakanani umoya wakho.

32 Ngiyakuthanda okuyifeshini endala, okuzwakala enhliziyweni, ukucula kwePentecostal nezandla emoyeni uma ubungekwazi ukuphatha ishuni ebhakedeni lamalahle, ngicabanga ukuthi lingelaseZulwini ngempela. Ucula enhliziyweni yakho, wenza amahubo eNkosini, yilolohlobo uNkulunkulu alufunayo, enhliziyweni yakho. Uma ungakwazi ukucula, yenza umsindo ojabulisayo eNkosini, umBhalo washo njalo.

33 Manje, siyaqaphela, futhi, ukuthi Wathi, "Ngoba uthi wandelwe yizimpahla, futhi kawuswele lutho; kawazi ukuthi umpofu, uphuphuthekile, ungowokuhawukelwa, olusizi, ohamba-ze, futhi kawukwazi."

34 Uma umuntu esitaladini owayempofu, elusizi, ephuphuthekile, elusizi, uma lowomuntu ebekwazi, ubeyozama ukuzifihla, uma ubehamba-ze, ubeyozama ukuthola izingubo zokugqoka, ubeyozama ukwenza izinto zibe ngcono. Futhi lokho bekuyoba yinto ebukeka idabukisa kakhulu ukubona indoda esitaladini ecabanga ukuthi igqoke kahle, nokuthi icebile, futhi

kayiswele lutho, futhi ihambaze, futhi ilusizi, inkolo eyenele nje ukuyenza igule, futhi ayikwazi.

35 Futhi nokho, siyatshelwa ukuthi ibandla lePentecostal lizongena kulesosimo, izinsuku zokugcina, ukwanda kwempahla, ukwanda ebulungwini, okungukuthi kulungile, angimelene ngalutho nakho, ngibonga uNkulunkulu ngakho. Kodwa ngingaqoka ukuba semishini, ngishaya isigujana ithamborini nabantu abayingxenye yedazini nxazonke, futhi ngibe noMoya kaNkulunkulu uhamba udabula kulesosigejane esincane sabantu kunokuba ngibe nebandla elihle kunawo onke eninalo ezweni nesigejane samalunga nje ngegama. Uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

36 Futhi uma umuntu engakwazi...Manje, Wathi, "Ngiyakweluleka." Niyazi ukuthi yini iseluleko na? Kungenkathi indoda ihlala phansi futhi ikhulume enye nenye, ihlale phansi futhi ikuxoxisane, njengoba wenza ngomndeni wakho, njengoba wenza ngomqashi wakho, njengoba wenza ngomngane wakho, uhlale phansi futhi ukuxoxisane.

37 Futhi, o, yilokho uNkulunkulu akufunayo kulobubusuku, ngukuhlala phansi futhi ukuxoxisane naYe.

> Ingxoxo encane nje noJesu iyakulungisa, kulungile.

38 "Ngiyakweluleka ukuba uze kiMi futhi uthenge umuthi wokugcoba amehlo, ukuze ubone."

39 Niyazi, ngenkathi siseyizinganyana ezincane ezansi lapha esifundazweni saseKentucky, sasinendlu endala yamapulangwe, yayinezingcwecwe zamapulangwe kuyo, futhi sifanele sithathe ucezu lukaseyili bese silubeka phezu kobuso bethu ukuvimbela iqhwa emehlweni ethu. Futhi thina sigejane esincane soBranham, njengesigejane esincane sama-opuzamu, cishe abayisithupha noma abayisishiyagalombili embhedeni ofanayo, futhi sasingenwa imikhuhlane emibi.

40 Futhi angazi noma ngabe ingane yakho yake yaba nakho noma qha, kodwa amehlo ethu ayevame ukuba nobhici, uMama wayekubiza kanjalo, anamathelane ndawonye, futhi lapho sivuka ngalokho kusa sasiyodingeka simpongolozele uMama, sasingakwazi ukubona, ngoba sasikade sinomkhuhlane omubi.

41 Futhi umkhulu wami wayengumzingeli wezinyamazane ezifana negqalashu, wayezingela amagqalashu, futhi wayevame ukukhipha ugrisi futhi enze iketela elincane likagrisi wenyamazane efana negqalashu. Futhi ngaso sonke isikhathi sasiba namehlo abuhlungu, noma amehlo anobhici ngenxa yomkhuhlane omubi, Umama wayehamba ayolanda logrisi wenyamazane efana negqalashu bese ewuhlikihla emehlweni ethu, ukuze kukhiphe umkhuhlane omubi futhi kukhiphe ubhici emehlweni ethu.

42 Lowogrisi wenyamazane efana negqalashu ungahle usebenze kahle ngomkhuhlane omubi wemvelo, kodwa ngeke usebenze kulomkhuhlane omubi, wokunye kwalomsinga ibandla elingene kukho, uzofanele uthole umuthi wokugcoba amehlo kaMoya oNgcwele kaNkulunkulu ukugcoba amehlo ebandla laKhe, futhi ukhiphe konke ukubanda emehlweni akho. Sike saba nomuye umsinga ebandleni kamuva nje, kukunika umkhuhlane omubi namehlo akho ayavaleka.

43 Niyazi, labo abathi izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi onke lawomalumbo abandayo adlula ebandleni, khipha umshumayeli wakho emathuneni, noma, ikholiji, ngiyaxolisa. Nginitshelile ukuthi bengishe izwi kwasekuqaleni nje. Awu, konke kuyindawo efanayo. Kunjalo.

44 Uma noma yini engake ngayizwela kwakuyinkukhu yomshini wokuchamusela. Uyazi uthatha inkukhu encane, iqanda, bese ulifaka emshinini wokuchamusela, futhi ngokuzenzekelayo uyoyichamusela, nomfo omncane bandla akazi lutho kodwa ukutshiyoza.

45 Lokho bekuhlala njalo kungifaka emqondweni womshumayeli wasekholiji, indlela ababakhipha ngayo ngomshini omkhulu. Nenkukhu encane endala ingatshiyoza, itshiyoze, itshiyoze, futhi ayinamama engaya kuye, lokho kuthi nje akube yindlela ngomunye walaba bashumayeli bomshini wokuchamusela ongazi lutho ngaphandle kwesayense yezenkolo. "SingamaMethodisti. SingamaBaptisti. Singu *S'bani-bani*." O, ihlazo elinje pho!

46 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Yelulekana naMi, futhi Ngizokunika umuthi wokugcoba amehlo ozovula amehlo akho, futhi ungabona ukuthi ungolusizi, owokuhawukelwa, ophuphuthekile, nohamba-ze, kanti kawazi." Aze amehlo akho avuleke, awusoze wakuqonda, ufanele uvule amehlo akho. Manje, lesi yisithombe esimile.

47 Futhi phakathi kwaso sonke lesisimo, nokho uJesu wathi, "Ngimi emnyango ngingqongqotha." Manje, umuntu ungqongqothelani emnyango womunye na? Uyangqongqotha ngoba ufuna ukwazi ukungena, ufuna ukukhuluma nawe, ufuna ukwelulekana nawe, axoxisane ngezinto, noma mhlawumbe akwenzele okuthile, noma acele okuthile kwakho.

48 Futhi kusukela phansi onyakeni bekunamadoda amaningi amakhulu ema eminyango. Isibonelo nje, ukuba-ke ngezinsuku zikaKesari, uKesari, u-Agustu Kesari, ukuba-ke wayehlele endlini yomuntukazana futhi wangqongqotha emnyango [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.], nalowomuntukazana ubeyoza emnyango, umuntu ompofu, futhi ubeyobona lowoKesari omkhulu emi emnyango na? Ubeyowa ngobuso bakhe, futhi ubeyothi, "O, Kesari omkhulu, ngena endlini yami. Ungihloniphile. Ngena. Uma kukhona

noma yini lapha oyifunayo, ungaba nayo. Ngicele noma yini ukuba ngiyenze, ngizokwenza, ngoba ungihloniphile ngokuza futhi ungqongqotha emnyango wami."

49 Noma ukuba-ke i—isosha laseJalimane, indoda encane ehamba ngezinyawo, ibiyokuzwa ukungqongqotha emnyango wayo eminyakeni embalwa edlule, futhi omi emnyango wayo ngenkathi ivula, kwakungumholi omkhulu waseJalimane, u-Adolf Hitler na? Lomfo omncane ubeyovula umnyango futhi abuke futhi abone uHitler omkhulu emi lapho, ubeyofika ekunakeni ngesaluthi yaseJalimane. Futhi akungabazeki, ngenjabulo, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe ubeyothi, "Mholi omkhulu waseJalimane, ngibusisiwe ngawe uza endlini yami, ngena. Uma kukhona noma yini lapha oyifunayo, ungaba nayo. Uma kukhona noma yini engingayenza, ngingayenza ngokujabula, ngokuba uyindoda enkulu kunawo onke eJalimane."

50 Noma awusho, ukuba-ke uMongameli Dwight Eisenhower, kulobubusuku, uza emnyango womDemokrati obedlula bonke okhona eMiddletown na? Ubuyozizwa uhloniphekile. Ngani na? Ungumongameli wase-United States, ungomunye wamadoda amakhulu kunawo onke ekhona esizweni. Ungahle wehluke kuye kwezombusazwe, kodwa noma yimuphi wenu maDemokrati amahle ubungathanda ukuba nokuhlonishwa ngokuba noMongameli Eisenhower ukuba avakashele indlu yakho. Ubuyothi, "Ngena, Mnu. Eisenhower, angifanele ukuba ungene endlini yami, kodwa zenze nje wemukeleke, mnumzane. Noma yini engingayenza, ngitshele nje, futhi ngizokwenza."

51 Noma maduze nje indlovukazi yaseNgilandi ivakashele lapha e-United States. Futhi ukuba-ke ibiyehlele lapha eMiddletown, noma elinye lamadolobha akini lapho ovela khona, endlini yakho, futhi ubuyozwa ukungqongqotha emnyango, futhi wawuye emnyango, futhi ibiyothi, "Ngiyindlovukazi yaseNgilandi"?

52 O he! Ubuyothi, "Siyakwamukela, Wena wakoMkhulu. Futhi uma kukhona noma yini ekhaya lami oyifunayo, ungaba nayo." Nakuba ungesiso isikhonzi sayo, kodwa kungenxa yokubaluleka kwayo, iyindlovukazi, nendlovukazi enkulu kunazo zonke emhlabeni mase kuziwa ezizweni, indlovukazi enamandla kakhulu. Futhi noma yimuphi wenu besifazane ubuyohlonipheka ukuba nendlovukazi yaseNgilandi emnyango wakho. Futhi uyazi ukuthi bekuyokwenzekani na? Ukuba ibiyenze lokho, ngosuku olulandelayo ithelevishini ibiyokuqukatha, amaphephandaba abeyokuqukatha, ukuthi indlovukazi yaseNgilandi izithobile ukuba ize ekhaya lakho.

53 Kodwa, o, ubani obaluleke kakhulu kunoJesu na? Ubani omkhulu kunaYe na? Futhi ubani oxoshiwe kakhulu kunaYe na? Kucabangeni umzuzwana nje. Zingaki izinkulungwane

zezinhliziyo Azifulathele nsuku zonke na? Futhi ubani obaluleke kakhulu kunaYe na?

54 Futhi uma. . .Indlovukazi ingahle ukuba ibifuna okuthile kwakho, uMongameli wethu ohloniphekile, uDwight Eisenhower angahle ukuba ufuna okuthile kuwe, kodwa uJesu ufuna ukuninika, ekubizeni kwaKhe, into enhle kunazo zonke eyake yanikwa emhlabeni: UkuPhila okuPhakade.

55 O, lelizwe elinenhliziyo enonya! Lazizwakalisa kahle ngenkathi lithi, "Siphe uBaraba futhi uthathe uJesu." Bebeyokwenza into efanayo kulobubusuku. Bebeyobulala uma bekungekho mthetho omelene nakho, iBhayibheli lathi bayokwenza. Lazizwakalisa ngenkathi lenqaba uJesu.

56 Manje, uJesu angangqongqotha enhliziyweni yakho. Futhi utshela umakhelwane wakho ngakho, ubeyothi, "Manje linda, linda, linda, uchezukela ekugcineni okujulile!" Futhi uma ubuyokwemukela, bebeyokugxeka futhi bahlekise ngawe. Futhi uma amaphephandaba abenanoma yini ukuba ayisho ngakho, bekuyoba ukugxeka, ungabheja kulokho.

57 Ubani obaluleke kakhulu, indlovukazi yaseNgilandi, noma iNkosi uJesu Kristu na? Siyawathokozela amaphephandaba ethu, kodwa uma thina kulemvuselelo sinanoma yini ephephandabeni, nifanele nikukhokhele, bese kuthi-ke kuzofanele kuhlungwe ngaphambi kokuba kubhalwe. Futhi elani amaphephandaba na? Ukuba ukwazisa umphakathi ukuthi kwenzekani, kungokwalokho-ke ukushicilelela ngokukhululeka. Kodwa uJesu usindise amakhulu abantu phakathi lapha kuleliviki, abaningi uphulukisiwe futhi wathathwa ezihlalweni nemibhede eyizinhlaka, izinkathazo zenhliziyo, ubumpumputhe, nokugula kushiye abantu, futhi akukho-kuvungama ngakho. Kodwa khumbulani ezincwadini zokubala ezinkulu eNkazimulweni konke nokunci kwakho kubhaliwe, futhi kushicilelwa konke eNkazimulweni phakathi kweziNgelosi nalabo abangaleya.

58 Ongqongqotha emnyango: "Bheka, Ngimi ngingqongqotha: uma umuntu eyozwa iPhimbo laMi, Ngizongena, ngidle naye, naye adle naMi."

59 Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, sengivele ngikwenzile lokho, kudala, ngangenisa uJesu kudala."

60 Abaningi kakhulu basho lokho, kodwa, mfowethu, dadewethu, lapho uJesu engena uyavuma ukuMvumela abe nguMsindisi wakho, kodwa, lokho kuhle, ngiyakuthakasela lokho, kodwa lapho Engena, Ufuna ukwamukelwa, Ufuna ukuba yiNkosi yakho. I*Nkosi* ngukuthi, "ukubusa, ubunikazi." Uyangena, hhayi ukuba abe yiNkosi ukulawula impilo yakho, kodwa ukukunika okwedlula konke okukhona kwakho. UzoMvumela angene, awufuni ukuya esihogweni, kodwa angeke

uMvumele abe yiNkosi yakho, Mvumele abe nguMsindisi wakho kodwa hhayi iNkosi yakho.

61 Bese kuthi-ke ngithola, ukuthi enhliziyweni yomuntu kunenqwaba ye. . .Emva kokuba Esevule umnyango owodwa ukuba angene. . . Ubungazizwa wamukelekile endlini yami, uma ungqongqothe emnyango, ngase ngithi, "Ngena."

Futhi wena wathi, "Mfowethu Branham, ngingemukelwa na?"

"O, qhabo, yima khona lapha, ungitshele ukuthi ufunani."

62 Uma ngifika endlini yakho, futhi ungemukele, uthi, "Mfowethu Branham, siyakwamukela." O, bengingangena, ngikhumule izicathulo zami, ngihlale phansi, futhi ngibeke izinyawo zami esihlalweni, ngiphume ngiye ebhokisini le-ayisi bese ngizitholela okuthile okudliwayo, ngihambe ngilale phezu kombhede futhi ngikudle. Bengiyozizwa ngamukelekile uma ungitshele ukuthi bengemukelekile.

63 Futhi lapho uJesu engena Ufuna ukwamukelwa. Kodwa sinemincane, iminyango eyimfihlo, iminyango emincanyanyana enhliziyweni yethu, esingafuni uJesu angene kuyo. Ngale ngakwesokudla senhliziyo yomuntu, emva kokuba uJesu esengenile, ngumnyango omncane othiwa uku*Ziqhenya*. "O, ngizoMemukela njengoMsindisi, kodwa ungazami ukungitshela indlela engifanele ngigqoke ngayo, nendlela engifanele ngenze ngayo. O, uma ngifanele ngiyeke izinwele zami zikhule, uma ngifanele ngiyeke ukubhema osikilidi, noma ngiyeke ukwehlela egumbini lokubheja, angifuni kuzihlanganisa ngalutho nakho." Ungakhathazeki, Angeke ahlale isikhathi eside. *Ukuziqhenya*.

64 Kukhona omunye umnyango omncane wenhliziyo phakathi lapho obizwa ngokuthi *Ukuphila Kwakho Uqobo Kwangasese*. Awufuni-muntu ezilibazisa ngalowo. "Ngiphila impilo yami, ngenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, akusiwo umsebenzi wamuntu engikwenzayo." Anisizwanga lesosaga esidala na? Kodwa ngiyakutshela, awuyena owakho, uthengwe ngenani, futhi ungokaNkulunkulu. Awunalungelo lokuba nemfihlo yakho, uNkulunkulu ufanele azi yonke into, futhi Wazi konke okwenzayo, futhi Ufanele abe nelungelo kulowomnyango.

65 Futhi kukhona omunye umnyango phakathi lapho, nalowomnyango ubizwa ngoku*Kholwa*. O, lowo ngumnyango impela.

66 Wena uthi, "Manje buka, o, ngimamukele uJesu njengoMsindisi wami, kodwa angikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso zinjalo namhlanje, ngeke nje ngakukholwa."

67 Ufuna ukungena kulowomnyango. Uma Engake avule lowomnyango futhi ame lapho njengeNkosi, mfowethu, uzokholwa yilolonke iZwi uNkulunkulu aliloba eNcwadini yaKhe. Kodwa uzokwenza kanjani, ube unohlobo oluthile

lwemithetho yebandla, iqhaselwe emnyango na? "Deda, Jesu! Ungazami ukungitshela noma yini yaleyonto endala ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ungama lapho, angifuni ukuya esihogweni, ngifuna ukuthandwa ngabantu ebandleni, kodwa Ungeke ungilawule, ngoba ngazi kangcono, ngingusosayense."

68 Kungikhumbuza ngoluny'usuku, ngangelusa izinkomo phezulu ezintabeni, futhi ngangihambe ngayozingela leyokwindla yenyamazane i-elki, phezulu le. Neziphepho zazingakafiki ukuba zigijimise izinyamazane ama-elki ezansi ezindaweni eziphansi. Futhi cishe amamayela angamashumi amathathu nanhlanu kwakungekho muntu ngaphandle kwami uqobo nomfuyi wezinkomo, futhi wahamba ngenye indlela. Sasizohlangana ezinsukwini ezintathu noma ezine. Futhi nje ukubhekisisa ukuthi uNkulunkulu usebenza kanjani! Futhi nakho kukhuphuka isiphepho. Lesosikhathi sonyaka, ngaku-Oktoba eColorado, lizokuna isikhashana, khona-ke lizoba yiqeqeba lamakhaza, khona-ke lizokhithika, futhi khona-ke lizokuna, ilanga lizokhanya.

69 Futhi kukhuphuka isiphepho esinjalo, sisonta futhi sivunguza, futhi ngaya emva kwesihlahla, futhi ngama emuva lapho, futhi emva kokuba isiphepho sesidlulile, ngiyaphuma, ngalalela, futhi kude, emuva ezansi esigodini ngezwa endala, inyamazane i-elki iqala ukukhala.

70 Mfowethu Roy Roberson, uyazi ukuthi ngikhuluma ngani na? Sasihlakaze umhlambi. O, ukuzwa nje lokho kubiza! Ngaqala ukukhala izinyembezi. Futhi emuva le phezulu ngase-Ethel Creek, ngezwa inkentshane elidala ikoyote liqala ukumpongoloza, nomata waphendula esigodini. Umama wami uyiNdiya ingxenye, futhi i, ukuphenduka kwami akuzange kukususe kimi. O, ngiyayithanda imvelo! Ngaqala ukukhala izinyembezi. Futhi ngaqaphela ilanga lishona, likhanya emfantwini wedwala, libonisa phezu kwezihlahla ezihlale ziluhlaza zaba yiqhwa, futhi kwabumba uthingo lwenkosazana. Ngase ngithi, "O, nguYe lowo! Imibala eyisikhombisa, iminyaka yebandla eyisikhombisa, u-Alfa no-Omega, isiQalo nesiPhetho."

71 Futhi ngangijabule kakhulu ngaze ngacishe ngaba nejaqamba, ngagijima ngazungeza, ngazungeza, ngazungeza isihlahla, ngamandla ami onke, ngimemeza ngephimbo lami lonke. Ukuba omunye wayekade ephandle lapho, babeyocabanga ukuthi uhlanya lwalusemahlathini, wacabanga ukuthi ngangiphume esikhungweni sezinhlanya. Kodwa ngangingenandaba ukuthi noma ubani wayecabangani, ngangikhonza uMdali. Ngaphinda ngabheka, ngazungeza, ngazungeza isihlahla ngahamba futhi. Ngacabanga, "O, kuhle ukuba lapha! Bekungaba lula ukwakha amadokodo amathathu."

72 Kodwa lapho ngimile ngicabanga, "O Jehova oMkhulu,

Umkhulu kangaka!" futhi ngezwa ingwejeje encane yeshoba. Angicabangi ukuthi ninazo kulesisifunda, yingcosana, imidlwembe ethi ayibe yinde *kangako*, omncane, umsila osasihlahla. Yiphoyisa lejazi eliluhlaza sasibhakabhaka lasemahlathini, into enomsindo kunayo yonke owake wayizwa.

73 Futhi yayinekhanda layo elincane litshekele emaceleni, lihlezi esiqwini ngakokwakupheshulwe umoya okudala, nje, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke! Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!"

74 Futhi ngacabanga, "Yini ekuxhuxhumisa kangaka mfo omncane na?" Futhi ngamangala ukuthi yini, kodwa ngaqaphela ukuthi yayingangibuki, yayitshekisa ikhanda layo elincane emaceleni bese ibuka phansi.

75 Futhi ngaqaphela ukuthi isiphepho sasiphephule ukhozi olukhulu oludala ezansi phakathi lapho, olukhulu, ukhozi olunsundu. Futhi lwaphuma ngaphansi kwa—kwamagatsha esihlahla, lwagxumela phezulu lapho lase lungiqalaza. Ngacabanga, "Nkosi, yini...? Ngabe ngidazulukile ngenkathi ngimemeza na?" Ngacabanga, "Ucabangani ngami na? Ucabanga ukuthi ngiyahlanya na?" Futhi lwalulokhu lunyakazisa amaphiko alo amakhulu. Futhi ngacabanga, "Manje-ke, Nkosi, kungani Uthumele lolokhozi futhi lwangimisa ekumemezeni, ngiKudumisa, uMdali oMkhulu Owenza lolothingo lwenkosazana na?" Ngacabanga, "Impela, kungokwenhloso ethize."

76 Futhi lapho ngilubuka, kwenzeka ngaqaphela...Ngathi, "O, mfo, ubuwazi ukuthi bengingakudubula na?" Lawo amakhulukazi, amehlo ampunga angibuka futhi abheka emuva, lwalungangesabi, ngokuba ngaluqaphela lunyakazisa amaphiko alo, lubona ukuthi zonke izimpaphe lwalusendaweni nje. Ngacabanga, "Nakho-ke, Nkosi: alwesabi. Inqobo nje uma lawomaphiko esebenza kahle, luyazi ukuthi lungaba kulezozicongo zezihlahla, ngaphambi kokuba ngisho ngithinte isibhamu sami."

77 Futhi uma uNkulunkulu enikeza amaphiko okhozi, futhi linokukholwa kuwo ukuba lusuke enkathazweni, kakhulu kangakanani ngomuntu ozelwe nguMoya oNgcwele na? Inqobo nje uma sazi ukuthi uKristu uphakathi *lapha*, kwenza mehluko muni ngalokho izwe elizokusho, noma ubani uthini na?

78 Ngalubhekisisa, lwalungangesabi, kodwa lwalungayesabi leyongwejeje endadlana, ingwejeje encane, itshikizisa lowomsila omncane futhi ikhonkotha. Emva kwesikhashana lwavele lathola okwenele kwakho, lwagxuma kakhulu, lwabhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, futhi lwase lungaleya kwemithi yokwenza amapulangwe. Ngase-ke ngilubhekisisa, lwalungalokhu lubhakuza, lwalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo, futhi njalo lapho umoya ukhuphuka

kulowomgede, lwaluya phezulu, phezulu, phezulu, lwaze lwaba yichashaza elincane nje.

79 Ngama lapho ngikhala izinyembezi njengengane. Ngathi, "Yilokho-ke, Nkosi! Akusikho ukugxuma usuka kwiMethodisti uya kwiBaptisti, usuka kwiPresbyterian uya kwiLuthela, akusikho ukusuka kwenye inkonzo yokuphulukisa kuya kwenye, kungukuhlela nje amaphiko akho e, amaphiko akho okukholwa, emandleni kaMoya oNgcwele, futhi lapho kungena igagasi, gibela nje uqhubeke wenyuke, uqhubeke wenyuke, uqhubeke wenyuke, uze udinwe ukhathale ukuzwa lo, '*Tshweke*, *tshweke*!' lapha, '*Tshweke*, *tshweke*!' lapho. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Bayisigejane sabagingqiki abangcwele, akukho lutho kubo.' Vele uhlele amaphiko akho emandleni aKhe bese ugibela kulawomaphiko amakhulu kaMoya oNgcwele."

80 O, lawomaphiko okukholwa, ukwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani, futhi lapho uMoya oNgcwele uqala ukugibela ungene, gibele naWo, ukuhlehla nokubuya kolwandle kuyafika futhi, kukhuphuka, into yokuqala, ungeke wazi lowo makhelwane ethi, "O, uzoba ngumgingqiki ongcwele. Awukaze uphulukiswe." Uzovele ugibele wedlule kubo bonke labobagxeki abadala, "*Tshweke*, *tshweke*!" lapha, "*Tshweke*, *tshweke*!" lapho. "Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Akukho namunye wabo...Akukho muntu owake waphulukiswa, nginika inkulungwane yamadola kunoma ubani okhombisa okunjalo." Vele uphendule ikhanda lakho kukho bese ugibela uhambe. Lowo mnyango, Ufuna ukuma kuwo.

81 Khona-ke kukhona omunye umnyango, lowo amehlo akho, umnyango wamehlo akho. Uma Engake avule amehlo akho! Njengoba nginitshelile esikhashaneni esedlule, ibandla linomkhuhlane kamoya, futhi ngesikhathi salokhu kubanda kokomoya, umsinga wafika emhlane wabo, futhi banamehlo abuhlungu, ukubanda kuwo, abantwana bakaNkulunkulu, futhi badinga amafutha amahle kaMoya oNgcwele ukuba ehle futhi afake umuthi wokugcoba amehlo emehlweni abo, ukuze bavule amehlo abo ukuba babone inkazimulo kaNkulunkulu.

82 Ibandla aliqondi. Lababantu baseMelika, mfowethu, indlovukazi yaseSheba izovuka ngosuku lwayo futhi isilahle lesisizukulwane, uJona uzovuka futhi asilahle lesisizukulwane. Sesijwayele kakhulu ukuthola yonke into inikezwe thina ngepuleti. Sifuna ukuzijabulisa, uma ibandla lingenayo yonke inqwaba yemicimbi, nemidlalo yamakhadi, namaphathi enhlaliswano, namapikiniki, namasapha amasobho! Kuyihlazo! Sidinga amehlo ethu evulekile. Ukugcoba ugrisi kukaMoya oNgcwele okuyifeshini enhle yilokho esikudingayo, ukukhukhumala okuhle.

83 Sasivame ukuba nenqola endala, yayihamba inswininiza,

njalo lapho sasiqala ukuyinyakazisa, yayinswininiza, ngoba zonke izipokwe zazomile zonke. Futhi njalo lapho uqala ukuyigingqa, yayinswininiza, futhi iqhume, futhi iqhubeke. Kodwa niyazi, indlela engcono kunazo zonke yokwenza leyonqola ukuyidonsela ngaphandle emanzini, futhi uyiyeke ihlale lapho ize ikhukhumale, khona-ke iyaqina, futhi ayisanswininizi.

84 Okudingwa yibandla kulobubusuku, ngukudonsa okuhle ngempela eMthonjeni ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zabhukuda khona ngaphansi kwethantala, zalahlekelwa yiwo onke amabala azo esono, futhi zilale lapho zize zikhukhumale ziqine kakhulu ngoMoya oNgcwele, ziyeka ukunswininiza, nokuklewuza, futhi zithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Asikwazi...?... bayosikhipha njengezinhlanya." Yini oyikhathalelayo ukuthi abantu benzani na? Abantu mabakukhiphe, uNkulunkulu uzokungenisa. Umuthi wokugcoba amehlo usohlwini.

85 Lalelisisani manje, njengoba sinemizuzu eyishumi. Abantu be...abantu baseMelika abaqondi ukuthi lokho akade benakho, kube noBilly Graham, oJack Shuler, u-Oral Roberts, namadoda amaningi amakhulu edlule ezweni lakithi, izinceku ezinkulu zikaKristu, zona nabanye abaningi, futhi nokho simi namabha amaningi, nogologo omningi, osikilidi abaningi, nebandla liqhela kakhulu kuNkulunkulu minyaka yonke. Ngani na? Ku...Nizibonile izimangaliso, nizibonile izibonakaliso, nisibonile isibonakaliso sokuvuka kwaKhe, ubona amandla aKhe okuphulukisa, ubona izibonakaliso ezibhakabhakeni.

86 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngenkathi uBilly nami singena eNdiya, ngafunda isiqephu ephepheni, futhi sathi... Kukhona okwenzekile, kwakuwusuku nje ngaphambi kokuba lokho kuzamazama komhlaba kufike. Futhi iNdiya ayinazo izintango zocingo njengoba sinazo, banothango lwamadwala, futhi ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kufike, zonke izinyoni ezincane ezazinezidleke zazo kulezo zintango nalezozakhiwo ezinkulukazi, zandiza zaphumela maphakathi nehlathi. Nazo zonke izinkomo nezimvu ezazimi zizungeze i...ngaphandle kwelanga kulezo, zizungeze lezozintango, zonke zaphumela maphakathi nensimu elangeni futhi zama ngqi. UNkulunkulu wayezinikeze ukuzibonela ngokwemvelo ukuzazisa ngaphambili ukuba zisuke kulezozindonga, njengoba nje Enza ngezinsuku zikaNowa. Futhi uma zona, ngokuzibonela ngokwemvelo, bezingasho ukuthi imbubhiso yayisiseduze, lifanele lenze okuningi kangakanani iBandla ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Kodwa asikuboni.

87 Ngesinye isikhathi kwakukhona indoda eyayiya kophumula ezansi olwandle, futhi yathi kubantu bakubo, "Ngifuna ukwehlela olwandle ukuyophumula, angikaze ngibe lapho."

88 Futhi isendleleni yayo ebheke ezansi yahlangana nosawoti omdala uvela olwandle, futhi yona, losawoti omdala, itilosi, lathi kuyo, "Mnumzane, uyaphi na?"

Yathi, "Ngehlela olwandle, angikaze ngilubone. Ngiyehla ngiyophumula," yathi, "ukuyohogela amanzi alo anosawoti, ukubuka amakhulu, amagagasi anosawoti ekhotha phezulu, namakepisi amakhulu amhlophe ekhephuka, nokuzwa ukuhlumelelisa komoya onosawoti, nokuzwa izinyoni zasendle lapho zikhala phezu kolwandlekazi. O, ngiqinisekile," yathi, "kuyophumuza kakhulu!"

89 Netilosi elidala lathi, "Buka, mnumzane," lathi, "Ngazalelwa kulololwandle, ngakhuliswa kulololwandle, futhi angiboni lutho oluxhuxhumisa kangako ngalo." Kungani na? Lalikade likulo isikhathi eside kakhulu, laze lalujwayela futhi kwakungasaliniki ukuxhuxhuma.

90 Futhi yileyo indaba ngebandla lePentecostal, liwubonile umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ushaya abantu balo, lubabonile beguquka besuka ekubeni yizihambi zasesitaladini beya komesabayo uNkulunkulu, abesifazane abangcwele, libone amadoda ephuma ayizidakwa, abahlulwa wuphuzo, futhi lenza abashumayeli nabanumzane abahloniphekile, futhi libone amandla amakhulu kaNkulunkulu, ehamba futhi esebenza ngezibonakaliso nezimanga, sekuze kwejwayeleke kakhulu, kuze kuthi ibandla lePentecostal kul'khuni ukuhamba linqamule isitaladi ukubona inkazimulo kaNkulunkulu. Kwejwayeleke kakhulu. Kodwa khumbulani nje, kuza isikhathi lapho uyohamba usuka empumalanga uye entshonalanga, usuka enyakatho uya eningizimu, bezama ukukuthola, futhi ngeke nikuthole, iBhayibheli lasho njalo.

91 Muhle kakhulu kithi! Lesisizwe sinyakazisiwe sisuka ensikeni siya ensikeni, sisuka empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu eminyakeni engamashumi amane edlule, sibe nazo zonke izibonakaliso zeBhayibheli esake senziwa, abafileyo uvusiwe, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa, izimungulu ziyakhuluma, abakhubazekile bayahamba, uMoya oNgcwele ubonakalisa zonke iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, izimvuselelo ezinkulu zishintsha imiphefumulo, amashumi ezinkulungwane eziphendukele kuKristu, futhi namanje sekufike endaweni sekupholile. Linamabandla amakhulu, alihlushwanga kanzima kakhulu, abantu babambe inqwaba yemali, bayahamba bayothenga amakhulu, amakhulu, amabandla amahle, futhi basuse uMlilo epulpiti, futhi baLibeke phansi ekamelweni elingaphansi, njengawo onke nje amabandla. O, asazi nje ukuthi Ubemuhle kanjani kithi!

92 ENdiya, ukuthi ngangibabona kanjani labomama abancane, bemi phandle lapho esitaladini nesisu sabo esincane sonke

sikhukhumele nezingane zabo, futhi ethi, "Yondla ingane yami! Ngisho noma ngifa, ingane mayidle!" Kungekho lutho oludliwayo.

93 Nganginamadola athi awabe ngamakhulu ayishumi nanhlanu engangiwaqoqile, ngangingalifaki kulezo zinhlangano zemiphakathi: umfo enesigazu esikhulu emlonyeni wakhe, nendandatho yamadola angamakhulu amahlanu. Imali engiyinikezayo, ngiyayithatha futhi ngikwenze mina uqobo, khona-ke ngiyazi ukuthi mina, lapho ngiphendula kuNkulunkulu kuyiqiniso.

94 Futhi nganginamadola athi awabe ngamakhulu ayishumi nanhlanu, futhi ngalishintsha ngase ngithola amaRupi, futhi ngaphumela esitaladini ukuba ngikunike abantu abampofu ababekudinga. Futhi babefanele bathole umbutho wezempi ukungingenisa. Futhi uBilly nami sama efasiteleni, nalabomama abampofu nezinganyana befa, babefa njengezinkuni, futhi babakhiphe bese bebafaka eziko futhi babashise nya. Akukho Johane 14, abazi ukuthi bangobani, bavele babalahle phakathi, babashise, yilokho kuphela, bafela ezitaladini.

95 Sasiqathaza lawo phansi, nalabo abanochoko abampofu bengenazingalo, bekhala, futhi begijima behla ngesitaladi ukuba bathole isishebo esincane ukuba basidle, futhi benuka kakhulu. Babengenazo izingalo, abanye babo babefanele bakhothe esitaladini, lapho ababekhonza khona izinkomo nezinto, nokungcola namanyala.

96 Futhi niqonde ukuthi, ukuthi uNkulunkulu olungileyo angama futhi asivumele senze ngendlela esenza ngayo, futhi sizedlulele ngakho na? UNkulunkulu ubeyodingeka avuse iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa uma lesisizwe singakwemukeli ukwahlulela. Sisemgwaqeni ophelayo, bangane, onke amabhomu ethu e-athomu, nakho konke, ngeke kusize neyodwa into. Yinye kuphela indawo yokuphepha, leyo ikuKristu. Sisekupheleni, uNkulunkulu wakhombisa izibonakaliso zaKhe ezinkulu, Ube nomusa kithi, futhi asikuqondi. O, ukuthi uNkulunkulu uyovula amehlo ethu!

97 Ezansi eNingizimu, sasinomshumayeli omdala, oyikhaladi ezansi lapho owayengokahle, umfo omdala, futhi kwakukhona umfana omdala ayezingela naye, igama lakhe kwakunguGabriyeli, kodwa sasimbiza ngoGabe ngamafuphi, ezansi eLouisiana. Futhi wayengumfana olungileyo, kodwa asikwazanga ukumqondisa neNkosi, umelusi wazama, unkosikazi wakhe—wakhe nomama wakhe bamkhulekela, kodwa uGabe omdala akahlalanga nje emgqeni.

98 Ngakho, wayethanda ukuzingela, nomelusi wayethanda ukuzingela, naye, futhi ngolunye usuku bahamba bayozingela. Futhi uGabe omdala akakwazanga ukushaya uhlangothi lwenqolobane, kodwa ngalolosuku wayedubule inyamazane

eningi kakhulu, babenonogwaja nezinyoni kulenga kuye yonke indawo. Endleleni ebuyayo ngalokho kuhlwa, lapho ehlwathuzela emva komelusi, wayenesibhamu sakhe ehlombe lakhe, wayebuka zonke izinyoni, nonogwaja nezinto ayezitholile. Futhi yena, eza ngasendleleni yezinyawo endala ejwayelekile, wabhekisisa ilanga lishona, futhi wambambatha umelusi ehlombe, nomelusi waphenduka, wathi, "Ngabe ungithintile, Gabe na"?

Wathi, "Yebo, Mfundisi, ngikuthintile."

Wayesethi, "Gabe, uyakhala." Wathi, "Yini indaba na?"

Wathi, "Mfundisi, uyalibona lelolanga lishona ngaleya na?"

Wathi, "Yebo, Gabe. Yini engejwayelekile kakhulu ngalokho na? Ukuqaphelile ukushona kwelanga yonke leminyaka, wazalwa futhi wakhuliswa kulelizwe.

99 Wathi, "Kodwa, Mfundisi, ngiyaqonda ukuthi ilanga lami liyashona, nalo." Wayesethi, "Mfundisi, kusasa yiSonto, futhi uzongithola ezansi ngqo ebhentshini labalilayo ekuseni. Khona-ke *Mina ngizo*thola isihlalo lapho ngemuva nomkami, futhi ngizoba yilunga elethembekile lebandla lakho uNkulunkulu aze angibize ngisuke kulelizwe."

100 Nomelusi wathi, "Awu, Gabe, uyazi ngiyakuthakasela lokho, futhi uNkulunkulu kuphela uyazi ukuthi ngikuthakasela kanjani lokho." Wathi, "Kodwa, Gabe, umkakho ukhuleke ngokwethembeka, umama wakho omdala ngaphambi kokuba ahambe, wakhuleka ngokwethembeka, uyihlo wenze okufanayo, ngizingele nawe, ngike ngaba sendlini yakho okwedina, ngikhuleke nawe, kodwa kungani kube uguquko lwamasinya na? Kwenzekeni khona manjalo"?

101 Wathi, "Mfundisi, buka nje lapha ezinyamazaneni enginazo." Wathi, "Uyazi, Mfundisi, a—angisiye umnembi," wathi, "A—angikwazanga ukushaya lutho, kodwa," wathi, "uyazi iNkosi kufanele ukuthi ingithandile, kungenjalo ibingeke inginike khona."

102 Yilokho-ke. INkosi iyakuthanda, kungenjalo Ibingeke ikunike lezizinto. Aniqondi yini ukuthi ngumusa waKhe lapha eMelika na? Uninike okuhle ukwedlula konke okukhona eZulwini. Anikuqondi na? Akadingi ukubuyela emuva futhi enze izinto Azenza, Akadingi ukwenza lezizinto, kodwa Uyakwenza ngoba Uyakuthanda. Akadingi ukuphulukisa abagulayo, Akadingi ngisho nokusindisa umphefumulo wakho, ungaqhubekela nje ekuhlushweni, kodwa Uyakuthanda, futhi Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kodwa abe nokuPhila okuPhakade.

103 Ningecabange ngokulunga kwaKhe sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko na? Udadewethu

uzosinika indlela kwi-ogani. Ngifuna ukukubonga, dadewethu, wena noMfowethu Kidd, ngomusa wenu kuleliviki, abangenisi nabo bonke. O, lowomnyuziki we-ogani omdala omnandi!

> Umphefumulo waMi ohlwithiwe uyothola
> Ukuphumula ngaphesheya komfula.
>
> Esiphambanweni, esiphambanweni,
> Yiba yinkazimulo yami njalonjalo.

104 Ngiyamangala kulobubusuku, ukuthi zingaki izoni lapha, ngokushesha, ezizoqonda ukuthi uNkulunkulu ubemuhle kakhulu kini. Ngolunye usuku ngenkathi ucishe waba nalokho kuphahlazeka, lowo kwakunguYe owakusindisa. Uyakhumbula ngenkathi ingane igula kakhulu, unkosikazi wayegula, udokotela wathi, "Awu, mfana, angazi noma bazodlula kukho noma qha," kodwa basinda na? Kwakuyini lokho na? Lokho kwakungukulunga kukaNkulunkulu. Ubasi wadingeka adilize omunye umuntu, kodwa akakudilizanga wena, lokho kwakungukulunga kukaNkulunkulu. Usondele kakhulu kuwe, muhle kakhulu kuwe. Awuqondi ukuthi nguYe na?

105 Ungaphakamisa isandla sakho ngokushesha, uthi, "Ngithethelele ngokulibala kakhulu"? UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise ngapha, ndodana. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. O he, izandla! Yazi ukuthi uNkulunkulu ubemuhle kuwe. Kuthiwani ngabanye benu malungu ebandla okade ubanda kakhulu futhi ugcina umthetho ngamehlo kuYe, futhi nokho u—uzwile ngemihlangano, uNkulunkulu ubemuhle kuwe. Ubungeke ngisho uhlale lapha kulobubusuku ukuba uNkulunkulu ubengemuhle kuwe.

106 Nakhu kuhlezi amadoda ehlezi lapha ezihlalweni ezinamasondo, ubuyoba sesihlalweni esinamasondo, nawe, ukuba uNkulunkulu ubengemuhle kangako kuwe. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzoba muhle kulamadoda kulobubusuku futhi awakhiphe kulesosihlalo esinamasondo.

107 Laba abahamba ngezinduku zokuqhugela nabakhubazekile, abagulayo, abahluphekile, izimpumputhe, inkathazo yenhliziyo, kungani ungeke uphakamise isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu yiba nomusa njengamanje, ngiyaqonda ukuthi angiKuphathanga kahle, angikaze ngime . . ."?

108 UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, ohlezi lapha, qhubeka uvayizelisa isandla sakho. UNkulunkulu abusise lelinenekazi, nomama, nengane encane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, indoda ephakathi nendima yempilo. Emuva le ngemuva inenekazi, insizwa ngale ngakwesokunxele, uNkulunkulu abe nawe. Phezulu kovulandi abasesitezi ngakwesokunxele sami, phezulu phakathi lapho, uNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Bonke phezulu phakathi lapho, uNkulunkulu abe nomusa. Macala onke, phansi kuvulandi osesitezi wesibili ngakwesokunxele, uNkulunkulu akubusise.

Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, ndoda encane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, ndoda encane emuva lapho. Ovulande abasesitezi ngakwesokunxele, uvulandi osesitezi ongaphezulu nongaphansi, ungaphakamisa nje. . .? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho nenekazi. Ngiyakubona, mfowethu nodadewethu oyikhaladi, ya, phezulu le kuvulandi osesitezi lapho. UNkulunkulu akubusise, ngale ngakwesokunxele, lokho kuhle.

109 Ovulande abasesitezi, phezulu naphansi ngakwesokudla sami, ungasiphakamisa isandla sakho uthi, "Nkulunkulu yiba nomusa, a—a—angiqo-. . ."? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfowethu. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, yebo, emuva le lapho ekhoneni, lawomabhungu namatshitshi. Kulungile, emuva phakathi lapha, uNkulunkulu akubusise, ntombi, wena, wena dadewethu. Wena dadewethu, uNkulunkulu akubusise.

110 Wenzani lapho uphakamisa isandla sakho na? Wemukela uKristu. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, indoda ephakamise isandla sayo ngemuva, izinwele ezimpunga.

111 O he! Ngokuthula impela, asikhuleke ngempela nje. Ake sizihlolisise nje umzuzu, sisacula, "Jesu, ngigcine eduze nesiphambano, kukhona uMthombo oligugu," kancane ngempela manje. Yiba semkhulekweni.

> Jesu, ngigcine eduze nesiphambano,
> Kukhona. . .

Njengoba Ekhuluma kuwe, phakamisa isandla sakho.

> . . .Mthombo oligugu,
> Ungesihle kubo bonke. . .(Ngaphandle kwentengo.). . .umfudlana ophulukisayo,
> Ugeleza uvela eMthonjeni waseKalvari.
>
> Esiphambanweni, esiphambanweni,
> Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
> Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uthole
> Ukuphumula ngapesheya komfula.

112 Nkosi Nkulunkulu, izinkonzo zizovalwa emizuzwaneni embalwa, yiba nomusa manje, Nkulunkulu. Ngabe ngenze konke okusemandleni ami na? Uma ngingakwenzanga, ngithethelele, O Nkulunkulu. Thatha wonke umphefumulo olahlekile lapha wehlele esiphambanweni njengamanje. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangabhukuda ebuhleni baKhe nasebungcweleni baKhe njengamanje. Thethelela zonke izono esakhiweni, Nkosi. Sivuma izono zethu, kade sinephutha.

113 O Nkulunkulu oPhakade, ngaphambi kokuba leliculo lidlalwe ngesinye isikhathi kubangcwabi, nomama bekhala izinyembezi phezu kwabantwana babo, ubaba phezu

kukamama, nomama phezu kukababa, ukwazi ukuthi abasophinde bahlangane, kwangathi manje bangakuxazulula ingunaphakade. Kwangathi bangathola esiphambanweni njengamanje, uKristu owabethelwa ukuba avule uMthombo endlini kaDavide ekuhlanzweni kongcolileyo. Siphe khona, Baba.

Ukuphumula ngaphesheya komfula.

Esiphambanweni, . . .

Ungasiphakamisa isandla sakho kuYe manje, wena ofuna ukuthola lokho kuphumula na?

. . . siphambano,

Kunjalo. Lokho . . . Gcina izandla zakho ziphakeme.

. . . udumo . . . (UNkulunkulu akubusise phezulu lapha ngaphambili.)
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uthole
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

. . . siphambano ngizobuka futhi ngilinde,
Nginethemba, ngethemba . . .

114 Manje, Nkosi, lenkonzo ingeyaKho. Sindisa wonke umuntu phansi le ekujuleni enhliziywеni yabo. Yenza wonke umphefumulo wazi ngoKristu. Kwangathi kungebebikho nesisodwa isoni esisele endlini, Nkosi, kodwa leso esizosindiswa, wonke umhlubuki obizwe ukuba abuye njengamanje, Usamile namaphiko aKho phezu kwesakhiwo. Singabuzwa uBukhona baKho, siyazi ukuthi Wena ulapha, siyaKubonga ngensindiso yabo. Kwangathi bangahlala benomoya omuhle kuze kube lusuku ababizelwa ngalo ekhaya. Makuthi okwabo . . . inkazimulo esiphambanweni.

. . . inkazimulo njalo njalo;
Kuze kuthi okwami . . . (Yonke indlela kuze.) . . . umphefumulo ohlwithiwe uyothola . . . ( . . . ? . . . )

115 Namakhanda ethu ekhotheme manje, bangaki abemukela uKristu khona manje, ngokufreshi enhliziywеni yabo na? Phakamisela isandla sakho kuYe njengamanje, "Mfowethu Branham, isinqumo sami senziwe. Ngiyahamba manje, kusukela kulelihora kuqhubeke, ukukhonza uKristu ngokwazi kwami okwedlula konke. Kade ngivilapha futhi ngilibele, manje ngizonika uKristu inhliziyo yami, impilo yami, konke enginakho kungokwaKhe manje." Ungazihlukanisela ngokuphakamisa izandla zakho na? Kuso sonke isakhiwo, yonke indawo manje, phakamisa izandla zakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle kakhulu. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

Ukuphumula ngaphesheya komfula.

116 Manje, Nkosi Nkulunkulu, lokhu konke kungokwaKho manje, bayisithelo soMlayezo. Ngiyakhuleka Nkulunkulu ukuthi Uzobagcina ekuthuleni okuphelele abanhliziyo zabo zihlezi phezu kwaKho, ngokuba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Kwangathi bangaphila ezinde, izimpilo ezijabule.

117 Futhi ngaloloSuku olukhulu lapho uHlwitho lufika, uma ngingatholi neze ukubaxhawula lapha emhlabeni, kwangathi ngingababona lapho kuloloHlwitho njengoba sihlangana omunye nomunye, ngaphambi nje kokuba senyuke ukuyohlangabeza iNkosi emoyeni. Siphe, Nkosi, ukuthi bazogcinwa phansi kwamandla aKho. Futhi bayizipho zothando eNdodaneni yaKho kuBaba, akekho ongabahlwitha esandleni saKhe, sibanikela kuWe. EGameni likaJesu. Amen.

Okwami . . .

118 Asicule elithi *Ukholo Lwami Lubheka KuWe* khona manje, wonke umuntu ndawonye, ngenxa nje yenkazimulo kaNkulunkulu. Ngiyakuzonda nje ukuhamba, ngandlela thize.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,

Lesi yisikhathi sokukhonza. Mkhonzeni nje.

Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

119 Anithandi nje ukukhonza na? Imilayezo ngesinye isikhathi isika kakhulu ngeZwi, kodwa manje-ke, niyazi, emva kokuba sonke sesiqondisiwe futhi sama singenacala eBukhoneni bukaBaba, siphumule phezu komusa weNkosi uJesu, ngiyathanda nje ukuphakamisa izandla zami futhi ngiMkhonze. Anithandi ukwenza lokho na? Bangaki okholelwa kulokho na? Phakamisani izandla zenu. O, he! Mkhonzeni nje ngeculo.

120 Sekuyisikhathi somugqa womkhuleko manje. Manje ukulindela okukhulu kuyangena; ngithemba ukuthi nizokholwa. UMfowethu Vayle ubeke isisekelo, mhlampe ngaphambi kokuba ngifike lapha, enitshela ukuthi nifune ini. UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Cabanga ngaLowo esimkhonzayo. Manje, siyabona ukuthi Ulapha, Usithethelele izono zethu, Umnene futhi unomusa kithi. Manje, Makabonakale kuwe nakimi, futhi asebenze imisebenzi yaKhe njengoba Ethembisa ukukwenza.

121 Ngifuna nonke, wonke umuntu esakhiweni . . . Manje, sinamakhadi cishe ayikhulu kuphela akhishiwe. Angikwazi ukubabiza bonke. Futhi ngiyazi ukuthi kukhona into enjengokubeka izandla phezu kwabagulayo, ngiyakukholwa

lokho, kodwa niyangifakazela: lelo yisiko lamaJuda, lokho kwakungesikho eBandleni labeZizwe.

122 IJuda lathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu komntwana wami, uzophila."

123 OweZizwe wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami, khuluma iZwi nje." Nakho lapho okhona.

124 Manje, singabeZizwe, futhi izinsuku zethu seziyaphela, noJesu ofanayo owayelapho, ekhombisa uhlobo lwezibonakaliso ukuthi WayenguMesiya, lapho amaJuda akuqonda khona, Akazange akwenze onyakeni wabeZizwe, manje nangu Onyakeni wabeZizwe, ekupheleni konyaka wabeZizwe, enza into efanayo kwabeZizwe Ayenzela amaJuda.

125 "Khuluma iZwi, Nkosi, futhi ngizosinda. Khuluma iZwi, umfowethu uzophila, udadewethu, umkami, indodakazi yami, ingane yami, ubaba wami, umama wami, bazophila, khuluma iZwi nje." Bona ukuthi Uzokwenza yini.

126 Ukuthola abantu abambalwa nje phezulu lapha. . . Manje ngiyacela, siphe nje cishe imizuzu eyishumi nanhlanu noma amashumi amabili.

127 Manje-ke, niyabo, inkonzo yami ayifani nekaMfowethu Roberts nabaningi babo. UMfowethu Roberts uyindoda emangalisayo kaNkulunkulu, inkonzo yakhe ngukubeka izandla phezu kwabagulayo, ubeyoshayisa umugqa amakhulu amane noma amahlanu enu futhi anilethe lapha ethi. . . ebeka izandla phezu kwenu, ebeka izandla phezu kwenu; leyo yinkonzo yakhe.

128 Omunye wathi, "Mfowethu Branham, ngani, uMfowethu Roberts uzokhulekela amakhulu ngaphambi kokuba ukhulekele abathathu."

129 Kunjalo. Lokho kuhle. Kodwa buka, uMfowethu Roberts wenza lokho uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze, ngifanele ngenze lokho uNkulunkulu angitshela ukuba ngikwenze. Niyabo? Ngakho yilowo umehluko. Manje, sobabili siyizinceku zikaKristu, ukunikhonza ngesikhundla uNkulunkulu asigcobele sona.

130 Manje, nina phandle lapho, abaningi benu ngeke babizwe emgqeni womkhuleko, ngoba ngeke nganibiza nonke. Anginandlela yokwazi ukuthi ubani ozoba semsamo. Abafana bayehla, baxubanise amakhadi onke, futhi baninike wona ubusuku ngabunye. Ngiyehla. . . Ubuyothi, "E, nginike ikhadi ukuthi ngizobizelwa emgqeni." Lowomfana ubengeke akwenze, akazi ukuthi umugqa uzoba kuphi, into yokuqala, amakhadi akhe onke axovekile.

131 Bangaki obelapha futhi wababhekisisa bekhipha amakhadi omkhuleko na? Ake sibone izandla zenu. Niyabo? Baxubanisa amakhadi phambi kwenu ngqo, bazungeze bawanikeze, elokuqala, elesibili, kumbe noma ubani owafunayo. Ngabe

yileyondlela abakwenza ngayo na? Thanini, "Amen," uma lokho ku. . . [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke asazi ukuthi ubani ozoba ngubani. Khona-ke ngiyehla futhi noma kunjalo angazi, ngithi nje, "Awu, ngizoqala nje ndawondawo." Futhi nakhu siyenyuka. Noma yini ephezulu lapha. . . Khona-ke lapho uMoya oNgcwele uqala ukunyakaza, nabantu bathola ukuzinza. . .

132 Ngokwejwayelekile kuneqembu elisha ubusuku ngabunye. Bangaki olapha okokuqala kwakho na? Ake sibone izandla zenu, kuyo yonke indlu, ningabaqalayo ukufika. Bukani lapho, ingxenye yesakhiwo. Ubusuku ngabunye kungaleyondlela.

133 Manje, niyabo, futhi lapho uMoya oNgcwele uqala ukunyakaza, khona-ke abantu bangaMthinta. Bangaki okholwayo ukuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka benu na? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Uzofanele enze ngendlela efanayo. Manje, khumbulani lokhu, ngiqopheni, ukuthi lapho isimo sivuka, ningakukhohlwa lokhu manje, nina bazalwane abakhonzisayo, lapho isimo sivuka, noNkulunkulu usebenza kulesosimo, indlela Enza ngayo okokuqala, Ufanele enze ngaso sonke isikhathi lapho leso simo esifanayo sivuka, noma Wenza ngokungesikho ngenkathi Enza endaweni yokuqala. Bangaki okuqondayo lokho na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Niyabo?

134 Sifunda okuningi njengoba sesikhulile, izizukulwane zethu zihlakaniphe kakhulu, njengoba iBhayibheli lasho, kodwa uNkulunkulu akahlakaniphile ngokwedlulele, Ungongenasiphelo kwasekuqaleni, ongenasiphelo, futhi thina singabanesiphelo. Ngakho Uphelele kwasekuqaleni, Akahlakaniphile ukwedlula Ake aba yikho. Angehlakaniphe ngokwedlulele, ngoba U—Uyi—Uyiwo impela uMthombo wobuhlakani.

135 Ngakho ngenkathi Enza futhi wavusa inyoka yethusi ibe ukubuyisana ngokugula, Uzofanele enze into efanayo namhlanje, futhi Une: UJesu Kristu, iNdodana yaKhe. I—inyoka yethusi ayikhulekelanga muntu, kanjalo ayibekanga zandla phezu kwanoma ubani, kodwa babheka baphila. Yilokho enikwenzayo kulobubusuku, bukani futhi niphile. UBukhona baKhe bulapha.

136 Asibize abantu abambalwa. Manje tholani amakhadi enu omkhuleko. Ini. . .? U-C. Ungitshelile kanye, kodwa ngikhohliwe ukuthi bekuyini, o-C. Ikhadi lomkhuleko u-C, njengakuKristu. Ikhadi lomkhuleko u-C. Futhi asiqale kuphi na? Asiqale ngowokuqala. Ubani ono-C wokuqala na? Inenekazi emuva lapho. Wesibili. Yima ngokushesha. Ngisize lapha uma uthanda, omunye. U-C wokuqala, owesibili. Ubani onaye na? Umnumzane ohloniphekile ehla, uvulandi osesitezi.

Owesithathu, u-C wesithathu. Ungasiphakamisa isandla sakho uma ungakwazi na? Buka umakhelwane wakho. Omunye, uMfowethu Sullivan, bhekisisa lezozinhlaka, noma, izihlalo ezinamasondo lapho. Kulungile, sinamakhadi omkhuleko elokuqala nelesibili, kodwa hhayi elesithathu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . .

137 UNkulunkulu akuphe khona. Kulungile manje, asi, ngenkathi besabalindile ukuba beze . . . Ngibona amanye amadoda amabili eza a—angahle abe ngomunye ozo . . . ongenile, ubephandle e, elinye lamagumbi noma okuthize. Ngicabanga ukuthi sonke cishe . . . Ubungama kuphi, ishumi nanhlanu na? Niyabona lapho, uma uthola abaningi kangako belayinile, empeleni.

138 Kulungile, bangaki okholwayo ukuthi iNkosi uJesu ihlala iyiyo izolo, namuhla, naphakade na? Ikhona lapha, umehluko kuphela kuYo: Ayinawo umzimba wenyama.

139 Futhi bangaki okholwayo ukuthi Yathi, "NgingumVini, nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo. Futhi izandla kuphela Enazo kulobubusuku yizandla zethu, amehlo kuphela Enawo ngamehlo ethu. Futhi Ilapha ngesimo seNsika yoMlilo, uKristu ovukileyo. Bangaki okholwayo ukuthi lokho kunjalo na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yilokho okwashiwo umBhalo. INkosi uJesu efanayo, onguye izolo, namuhla, naphakade, Akazange . . .

140 (Uthini?) [UMfowethu Billy Paul uthi, "Elesithathu nelesihlanu."—Umhl.] Kulungile, indodana yami ithe onke amakhadi omkhuleko a—abonakalile, kodwa ini na? ["Elesithathu."] Elesithathu nelesihlanu. Amakhadi omkhuleko elesithathu nelesihlanu. Ngabe bangemuva ehholo emuva lapho na? Ngibona iqembu labantu emuva lapho ne . . . Bangena sekuleyithi kancane, bese-ke bethi, "Awu, ikhadi lami labizwa, akukho-muntu ongitshelile." Uqalaze ikhadi lawo wonke umuntu, futhi bakahle. Kulungile.

141 Lokho kuhle, dadewethu. Kunjalo, qalaza. Lokho kuhle. Kulungile. Manje, asithule umzuzwana nje manje, futhi sikhuleke. Kulungile, hloniphani ngokuzithoba ngempela.

142 Manje, niyabona lapho engimi khona na? Uma noma ubani efisa ukuthatha indawo yami, ngi—ngizohamba ngisuke emsamo, ngizojabula ukukunikela kunoma yimuphi umfowethu ofuna ukuza, futhi ucabanga ukuthi akusikho okwangempela, futhi angenza into efanayo. Woza.

143 Yisiphiwo, yisiphiwo esithunyelwe sivela kuNkulunkulu. Ukwenzani na? Ukwenza abantu babone ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, akuthathi abantu abaningi. Omunye ufanele akuxazulule. Bangaki okholwayo ukuthi lowo, wafakazisa ngokugxilile . . . Ngenkathi uMose ehlela eGibhithe, wenza lesosibonakaliso ngesinye isikhathi

phambi kuka-Israyeli, futhi bamasha baphuma naye. Niyazi ukuthi kunjalo. Njalo lapho ehlangana nomIsrayeli, wayethi, "Buka lapha, bhekisisa isandla sami: Uchoko, luphulukisiwe." Qhabo, qhabo, wakwenza kanye nalokho kwakwenele, bonke bamkholwa. Kodwa uNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo.

144 Manje, nanti inenekazi limi lapha engingalazi. Owesifazane, ngokwazi kwami, uyi, ngokoqobo nje. . . Angimazi nje. Siyizihambi, ngiyethemba. Ngabe kunjalo, nenekazi na? [Udade uthi, "Yebo. Kade ngisemhlanganweni wakho. . .?. . ."—Umhl.] Uke waba kwenye indawo komunye wemihlangano yami, kodwa uthi akangazi; futhi angimazi.

145 Ngokuba semhlanganweni nje njenge. . . Omunye uyafika athi, "Ngangise—ku*leli*dolobha," futhi besiyoba seNew York, futhi uhlale emuva le phezulu kuvulandi osesitezi, noma ndawondawo. Bengiyokwazi kanjani ukuthi ubungubani na? Futhi ngaphandle uma bengikwazi nje kwaze kwaba kangaka, uNkulunkulu wembula izimfihlo okungekho muntu ngaphandle kwakho naYe owaziyo.

146 Manje uma ngithe enenekazini. . . Lingahle libe yi—lingahle libe yisihambi, belingaba ngumphikiNkulunkulu, belingaba ngumgxeki, uma linguye, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

147 Bangaki owayesemhlanganweni eWindsor ukubona lowomgxeki, lowomshumayeli na? Bamthwala bamkhipha ekhubazekile, futhi usakhubazekile. Uza emsamo, wacabanga ukuthi kwakuluhlobo oluthile lwesayense ephathelene nengqondo, futhi wabhala ekhadini lakhe ukuthi kwakuyinto *ethize-thize*, wenyukela emsamo, uMoya oNgcwele wathi, "Uqamba amanga. Ufake ekhadini lakho lomkhuleko ezansi lapho into ethize, ufake ukuthi iTB nayo yonke lento lapho. Manje, ngoba ukwenzile. . . Uyibandla elithize lehlelo." Wambiza ukuthi wayengubani, ngase ngithi, "Izolo ebusuku uhlale nomkakho, naleyondoda lapho ifake uthayi obomvu yahlala nawe etafuleni nento el'hlaza satshani idonswe phezu kwetafula." Ngase ngithi, "Manje okufake ekhadini lakho lomkhuleko, unakho."

148 Lendoda yagijimela ezansi lapho. . .?. . . yathi, "Nkulunkulu yiba nomusa, Mfowethu Branham, lelo yiqiniso." Bayikhipha ikhubazekile, futhi isakhubazekile.

149 Ngibabonile bethatha zonke izinhlobo zezifo. Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Bangaki owaziyo ukuthi abanye abaluzulane ngesinye isikhathi baphuma, babecabanga ukuthi babengakhipha idemoni, niyakukhumbula lokho na? Umoya omubi wehlela phezu kwabo. Impela. Bangaki owaziyo ngochoko olwaphuma kuNamani na? Lusuka komunye luye komunye.

150 Manje, uma iNkosi uNkulunkulu. . . Nangu owesilisa nowesifazane, isikhathi sethu sokuqala ukuhlangana empilweni.

Manje, uma owesifazane egula, futhi bengingamphulukisa futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumzenzisi; kodwa bengingeke ngimphulukise uma egula. Kodwa uma uJesu emi lapha, bengiyoqaphela, kodwa lalelani, uJesu ubemi lapha, futhi Ubengeke amphulukise, ngokuba Usevele ukwenzile, Wamhlenga ekuguleni kwakhe, wamhlenga ezonweni zakhe ngenkathi Efa eKalvari, futhi uma uhlengiwe, lokho kuyakuxazulula. Bangaki okwaziyo lokho na? Bekuzofanele kuthathe ukukholwa okuqondene naye kuYe. Kunjalo.

151 Manje, dadewethu, uma iNkosi izohlinzeka futhi izongitshela into ethize owaziyo ukuthi iqinisile noma qha, yiba ngufakazi walokho. Futhi uma Izokwenza lokho, futhi uyazi ukuthi angikwazi, khona-ke, njengoba nje Enza kowesifazane emthonjeni, noma kanjalonjalo, ubungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

152 Bangaki ezethamelini abazothembisa uNkulunkulu ukuthi bazokholwa uma iNkosi izopha lokho, ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi, "Ngethembisa uNkulunkulu ukuba ngikholwe"? Nazi izandla zami nezandla zowesifazane, futhi, ukuthi asikaze sibonane ngaphambilini. Manje, nina phandle lapho ningenawo amakhadi omkhuleko, qhubekani nibheke ngapha futhi nikhuleka.

153 Unokwethuka kabi kabi, yizethameli. Akusikho lokho kuphela, kodwa unokwethuka kwasekuqaleni nje, lokho ukwakheka kwakho. Futhi ngenxa yalokho ngokuba nokwethuka, unohlobo oluthile lwenkathazo, inkathazo yangaphakathi, esezibilini. Lokho kuqinisile.

154 Bese kuthi-ke, ukhathazeke kakhulu ngento ethize, ushisekele ngomunye umuntu ongekho lapha. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela lokho omunye anakho, uzokholwa na? Yindodana yakho, ingumfana nje, umfana oneminyaka cishe eyishumi nambili ubudala, futhi unenkathazo yenhliziyo, ngokuba ngibona udokotela ebambe isipopolo phezu kwenhliziyo yakhe, futhi babambe umkhandlu, nodokotela ufuna ukuhlinza kuleyonhliziyo. [Udade uthi, "Kunjalo. Ngiyesaba."—Umhl.] Futhi uyesaba ngakho.

155 Futhi u . . . Awuveli kulelidolobha. Ungowasedolobheni lapho okukhona khona ipaki enkulu, nolunye uhlobo lwe, njengemijaho noma into ethize igijinyiswa kuyo, futhi kunepaki enkulukazi lapho ohlala khona, yi-Connerville, e-Indiana. Kunjalo. ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke hamba futhi ukuthole, kuzoba njengoba nje ukholiwe. UJesu Kristu akuphe khona, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

156 UNkulunkulu muhle. Niyakholwa manje na? Manje kufanele kuxazululwe, kufanele kuxazululwe. Manje yibani nokukholwa

nje, ningangabazi. Phandle ezethamelini, kholwani. IBhayibheli lathi, "Uma ukholwa!"

157 Siyizihambi, ngiyakholwa, mnumzane. Angicabangi ukuthi sake sahlangana, sake sahlangana na? [Umfowethu uthi, "Eminyakeni edlule."—Umhl.] Eminyakeni edlule. Angikwazi, ngamany'amazwi. Manje, nansi indoda. Niyabo, inkundla yowesifazane emthonjeni? Nansi inkundla kaFiliphu ehamba, ethola uNathanayeli, futhi emkhuphula. Anginalwazi ukuthi leyondoda imele ini lapho, akukho nakancane kunalutho.

158 Mfowethu Neville, kukhona inenekazi elihlezi emva kwakho elikhulekayo. Ngenkathi ngikhuluma lokho, bekukhona ukuKhanya okulenga phezu kwalo, futhi kwathi nje ngingasho lokho, ukuKhanya kwehlela kulo, liyaqonda, khona manje, ukuthi kukhona okwenzekile. Owangempela, omnandi, umuzwa othobekile ozimboze ngakowesifazane. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Vayizelisa isandla sakho. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi ubukhuleka mayelana nani, uzokwemukela na? Ukhulekela indodana yakho. Futhi indodana yakho inenkathazo yenhliziyo, futhi inethunzi elimnyama phezu kwayo, lokufa, qhabo, ngiyaxolisa, nenekazi, liyisoni, ithunzi elimnyama, ukhulekela insindiso yomphefumulo walo, liyilokho lelothunzi elimnyama. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso.

159 Haleluya! Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho kuNkulunkulu! Buza owesifazane. Uthinteni na? Lutho. Kubangelwe yini na? Ngabe bekuyilowo melusi othembekile ehlezi lapho ekhuleka na? Angicabangi kanjalo, bekungukukholwa kwakhe okwenze lokho. Kholwa nje.

160 Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, mnumzane. Awusuye owakulelidolobha, usedolobheni lapho kunechibi elikhulu eduze kwalo, futhi unenkundla yebhola. Kubukeka njengeCleveland kimi, e-Ohio. Yilapho ovela khona. Futhi ngikubona epulpiti, ungumshumayeli. Kunjalo impela. Kodwa awuzimele lapha ngesingawe, kungokomunye umuntu, ngowesifazane. Futhi ukwelinye idolobha, nalelodolobha liyidolobha elincane, futhi kunenqwaba yezihlahla zeshoba ezikhula ngakulo. Futhi kukhona i, kusohlobweni lommango, nendlu yabo enkulu yenkantolo, kubukeka njengeKentucky, noma, yiTennessee, yiCleveland, eTennessee, ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo impela.

161 Futhi umkhwekazi wakho unesikhumba esomile esinamashashazi. Yisimo semizwa esimenze wabihlika, unenqwaba yezifo ezelakanyanayo, futhi umi esikhundleni sakhe. Uyakholwa na? Leloduku onalo ephaketheni lakho phezu kwenhliziyo yakho, lithumele kuye. Ungangabazi, uzosinda. UNkulunkulu akubusise.

162 Asithi, “Makabongwe uNkulunkulu ophilayo.” [Ibandla lithi, “Makabongwe uNkulunkulu ophilayo.”—Umhl.] Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

163 Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu izopha lezizinto na? U—ulapha ngomunye umuntu, nalowo muntu othize, ngumuntu odlale nawe ngenkathi usemusha, njengomfowenu. Nendoda ikhubazekile, ayizange iwe, kanjalo ayizange ikhubazeke ngenxa yokukhubazeka, kodwa kwakuyisifo segazi esayenza yakhubazeka, futhi umele yona. Uyakholwa ukuthi izosinda na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Khona-ke uzakuba nakho okukholiwe. Hamba, futhi uNkulunkulu akuphe khona, eGameni leNkosi uJesu.

164 Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Umele omunye umuntu lapha, nalelonenekazi lisesibhedlela, beligula kakhulu, umdlavuza, nodokotela akukho okunye abangakwenza. Futhi udinga umkhuleko, nawe, ngoba unenhliziyo enzima. Kodwa uNkulunkulu wazi izimfihlo zenhliziyo. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi ukusindwa kwakho kumayelana nani na? Yingoba ufuna ingane; futhi ngibona amathunzi amabili amnyama, ube nokuphuphunyelwa isisu esikhathini sakho. Lokho kuqinisile.

165 Futhi manje uMoya . . . Anikuboni Lokho kuhamba kusuka kulona wesifazane kuya kulowo wesifazane omdala ohlezi lapho na? Bukani lapha, lowo wesifazane omdala ehlezi ekhoneni, uhlushwa yinkathazo yomgogodla. Futhi isizathu sokuba kusuke komunye kuye komunye . . . Wena uvela endaweni ethiwa yiRichmond, eRichmond, e-Indiana. Hamba uye ekhaya futhi ukuthole kunjalo. Futhi, nenekazi, inenekazi elidala ekhoneni elivela eRichmond, e-Indiana, nenkathazo yakho yomgogodla, ube nesikhathi esinzima ukufika lapha ubungenaso na? Kulungile, ungabuyela ekhaya futhi uphile manje, uJesu Kristu useniphulukisile nobabili. Ningahamba ngendlela yenu futhi nithokoze, futhi niphiliswe. Anginalwazi ukuthi ungubani.

166 Umzuzwana nje. Inenekazi elinyakazise izinwele zalo ngakulo nje ngaleyonkathi, lihlezi khona lapha, qhabo, yinenekazi elincane eduze kwakho elinenkathazo yenhliziyo. Kulungile, dadewethu, ungaya ekhaya manje. Busisa umphefumulo wakho omncane, ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi ujabule eNkosini uNkulunkulu.

167 Mnumzane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyonkathazo yendlala yesinye na? Kade uhlezi lapho ukholwa isikhathi eside, awunjalo na? Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Kulungile, sekuphelile manje, hamba ngendlela yakho.

168 Lelonenekazi elincane liphakamisele isandla salo emlonyeni walo ngaleyonkathi nje, linaleyonkathazo yomthambo wegazi,

lihlezi lapho, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaya ekhaya futhi uphile.

169 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Themba uNkulunkulu nje futhi uthole ukuthi Wenzani.

170 Ulapha ngomunye umuntu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongitshela ukuthi ubani lowo omunye umuntu na? Uma Ekwenza, uzokwemukela na? Ngudadewenu, usesibhedlela, futhi uhlinzwe izindlala zakhe zabesifazane, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

171 Ufuna umkhuleko, futhi, ungowonyawo lwakho nowesisu sakho, unesisu esinokwethuka, sikugcina uphatheke kabi. Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke, ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Khona-ke hamba futhi ukwemukele.

172 Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu! Bangaki okholwayo, phakamisani izandla zenu, bese nithi, "Ngiyakukholwa." [Ibandla lithi, "Ngiyakukholwa."—Umhl.]

173 Umzuzwana nje. Kuthiwani ngani enisezihlalweni ezinamasondo na? Uyini wena . . . lapho esudini empunga, ungibuka, futhi uhlezi kulesosihlalo esinamasondo, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Ungangilalela njengenceku yaKhe na? Sukuma uphume esihlalweni esinamasondo, bese uthatha isihlalo sakho esinamasondo, bese uya ekhaya. Ungakungabazi, sukuma futhi uthathe isihlalo sakho esinamasondo, usiphushele ngaphandle, bese uya ekhaya.

174 Uyakholwa na? Nonke ningakholwa na? Yimani ngezinyawo zenu. Yimani ngezinyawo zenu, nonke, futhi niphulukiswe nonke, eGameni leNkosi uJesu. Memukeleni. Phakamisani izandla zenu, Mnikeni udumo. Nonke uphulukisiwe. Kukholweni khona manje . . .? . . .

